# Iphathi Letiye likaTlotlego



Nicolene Louw Laura de Lange Ashlyn Atkinson

Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

Iphathi Letiye likaTlotlego
*(Tlotlego's Tea Party)*
Illustrated by Nicolene Louw
Written by Laura de Lange
Designed by Ashlyn Atkinson
Edited by Nabeela Kalla
Translated by Nonkululeko Nhlapo
with the help of the Book Dash participants in the Virtual Book Dash on 15 May 2021.

ISBN: 978-1-77623-193-5

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# Iphathi Letiye likaTlotlego

Nicolene Louw    Laura de Lange    Ashlyn Atkinson



**UTlotlego usingatha iphathi letiye lomndeni WONKE.**

“Bangaki abantu abeza ukuzophuza itiye, Gogo?”

“Uwena, yimina, uMama, noBaba. Nodadewenu omncane, uTshiamo.”



UTlotlego ubala izinkomishi zetiye ngesikhathi ezithatha ekhishini.

"Iyodwa, zimbili, zintathu, zine kanye nekaGogo!"





UTlotlego uya esitubhini lapho ebeka khona izinkomishi etafuleni.




"Iyodwa, zimbili, zintathu, zine, zi...?"

"Ngibona izinkomishi ezine kuphela," kusho uGogo,

"kodwa singabantu abahlanu."

"Ngesikhathi ngisekhishini, bekukhona izinkomishi ezinhlanu!" kubabaza uTlotlego.




UTlotlego ubala amapuleti amahle amancane ngesikhathi ewathatha ekhabetheni.

**"Linye, mabili, mathathu, mane, mahlanu!**

Kukhona amapuleti asilingene sonke."




UTlotlego uya esitubhini lapho
ebeka amapuleti eduze kwezinkomishi.

“Lilodwa, mabili, mathathu,
mane, ma...?”

“Ngibona amapuleti amane
kuphela,” kusho uGogo,

“kodwa singabantu abahlanu.”




UTlotlego ubala amabhisikidi njengoba ewathatha embizeni.

**“Lilodwa, mabili, mathathu, mane, mahlanu!”**



UTlotlego uya esitubhini futhi ubeka amabhisikidi emapuletini.

"Lilodwa, mabili, mathathu, mane, ma…?"

"Ngibona amabhisikidi amane kuphela," kusho uGogo,

"kodwa singabantu abahlanu."






**UTlotlego udidekile kakhulu.**
**Uyazi ukuthi ubelokhu ebala kahle.**

Ngaphambi kokuba abe namabhisikidi amahlanu, futhi manje asemane kuphela.

Anciphe **KANJANI** amabhisikidi manje?




UTlotlego ubala amaqhuzu kashukela njengoba ewathatha embizeni.

“Linye, mabili, mathathu, mane, mahlanu!”







**UTlotlego uya esitubhini lapho ebeka khona amaqhuzu kashukela etafuleni.**

Ngalesi sikhathi, unesiqiniseko sokuthi uzwa ukuhleka.

“Linye, mabili, mathathu, mane, ma…?”

**“Mahlanu!” kumemeza izwi ngaphansi kwetafula.**




UTlotlego uyagoba ubuka ngaphansi kwetafula. Athuke lapho ebona isethi yetiye ephelele ibekwe ngaphansi kwetafula!

Kukhona inkomishi, ipuleti, ibhisikidi, neqhuzu likashukela.

Lapho uMama noBaba bebuya emsebenzini, baphuza bonke itiye esitubhini.

Oyedwa, ababili, abathathu kubo bephuza itiye etafuleni, ababili babo

baphuza itiye ngaphansi kwetafula!



